**USARS UYABEMUKELA UBUHOLI BEZEZIMALI**

**3 Ntulikazi 2024 —** UKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS), uMnu. Edward Kieswetter, ukwemukela ngentokozo ukuqokwa kabusha kukaMnu. Enoch Godongwana, njengoNgqongqoshe wezeziMali kanye noDokotela David Masondo njengePhini likaNgqongqoshe wezeziMali, kanjalo nokuqokwa kukaMnu. Ashor Sarupen njengePhini likaNgqongqoshe wezeziMali lesibili.

UKhomishana uphinde wahalalisela amalungu amasha aqokwe ezikhundleni zoNgqongqoshe namaPhini oNgqongqoshe, eveza ukuba nethemba lokuthi lesi yisikhathi esisemqoka emlandweni wentandoyeningi yethu.

UKhomishana uKieswetter uthe uyathemba ukuthi ngaphansi kobuholi bukaNgqongqoshe uGodongwana, izwe lizoqhubeka endleleni yokuqinisa ezezimali ezizinzile okuzobeka umnotho waseNingizimu Afrika emkhondweni ozowukhulisa. Indima yamaPhini kaNgqongqoshe amabili, esebenzisana eduze noNgqongqoshe ukususa isimo sezimali sezwe ekungakhulini sibe isimo esisebenzayo ukuze kubhekwane nezinselelo zenhlalakahle nezomnotho ezweni, ikakhulukazi amazinga aphezulu okusweleka kwemisebenzi, izoba semqoka kakhulu. Ukuzinza kwezezimali kuzodingeka kanye nesimo esenele esifanele esizokwenza sifinyelele ekukhuleni. Ukufuna ukuzinzisa ezezimali yikho okuzosimamisa izimali zezwe ngokuqoqa yonke imalu okumele ize kuhulumeni. USARS usalokhu uzinkele ekwesekeni lo msebenzi ozoza nezinguquko.

Njengezwe, sigubha iminyaka engama-30 selokhu kwaba nokhetho lomlando wentandoyeningi olwalubanjwe kuMbasa we-1994. Ukumiswa koMthetho wakwaSARS, 1997 (uMthetho 34 we-1997), okuyiwo owasungula uSARS, uyanconywa njengenye yentuthuko eyaba isisekelo somkhondo wenqubomgomo yezimali ecophelelayo nezinzile, njengoba yaletha intuthuko eyayingakaze ibonwe ekuqoqweni kwentela.

Kuleminyaka engama-30, ukuqoqwa kwentela kunyukile kusuka ku-R113.8 billion kowe-1994/5 kwaya ku-R1 740.9 billion kowezi-2023/24, ngesilinganisonani esihlanganisiwe esikhula ngonyaka sika-9.9% kanye nentela evamile uma iqhathaniswa ne-GDP engu-22.2%. Kusukela kowe-1997, uSARS usuqoqe imali engaphezulu kuka-R21.2 trillion esebenze ekuthuthukisweni kwenhlalakahle nezomnotho wezwe. USARS usasemkhondweni oyiwo wokuqhubeka nokuthuthukisa ukusebenza kwemali eqoqwayo ekuqondaniseni nokuphokophelwe inhlososu yawo njengoba kuqinisekisiwe ngesikhathi kubukezwa inhlososu yeKomidi Leziphathimandla esasikuNhlaba kowezi-2024 nakuSithangami sabaPhathi kuZwelonke i-*National Management Forum* ebesihleli kuNhlangulana kowezi-2024, ukufinyelela kunhlososu Yokuthobela Ngokuzithandela kuleminyaka emihlanu ezayo.

USARS uyaqhubeka nokuzama ukufinyelela Ekusebenzeni Ngokobizo nasekuqaleni esigabeni esilandelayo sohambo lwawo lokuzakha kabusha. Lolu uhambo lukaSARS obukwa ngenye indlela "owuSARS onobuhlakani onesithunzi esingangabazeki, owethenjwayo nokubukelwa kuwo". Uhambo lwesekwe imizamo yokunyusa imali eqoqwayo ngokusebenzisa ulwazi olulethwa yimininingo, ubuhlakani mbumbulu, kanye nengqalasizinda sezobuchwepheshe. Lokhu kuzosiza kuhlinzeke ingcaciso nesiqinisekiso kuphinde kwenze kube lula futhi kungabi nazihibe kubakhokhintela ukuthi baxhumane noSARS, kanjalo nokuhlonza kunqandwe ukukhwabanisa. Kuzophinda kuthuthukise usizo olunikwa abakhokhintela, ngokuhambisana nesiqubulo sakwaSARS esithi "Ukuqedwa kwesidingo sokusizwa iyona ndlela yokwenelisa ikhasimende".

Lokhu kuzofezeka ngokusebenzisana kukaSARS nabo bonke ababambiqhaza okuyimpumelelo nokuwusizo kwezentela okuletha imihlomulo ephelele kubakhokhintela nabahwebi, uhulumeni, kanye nomphakathi. USARS uzosebenzisa amandla abanye ukusombulula izinselelo zokuphathwa kwentela nokuthuthukisa ukuthobela intela ngokuzithandela.

Inhlangano ikubheke ngabomvu ukusebenzisana kahle nethimba lezezimali, ngaphansi kobuholi bukaNgqongqoshe ukuze ifezekise umyalelo wayo.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane noSARS ku SARSMedia@sarsmedia.gov.za.

IYAPHELA